**INKULUMO KANGQONGQOSHE WEZOKUTHUTHA, UKUPHEPHA NOKUXHUMANISA UMPHAKATHI KWAZULU-NATAL UMNUZ WILLIES MCHUNU ENKONZWENI YOMNGCWABO EMOLWENI NGESONTO MHLAKA 23 SEPTEMBER 2012**

Mangibonge mphathi wohlelo;
Ukhansela wewadi uMacingwane;
Abefundisi;
Ngokukhethekile ngibingelele osingaye okuyimindeni yabasishiyile;
Bese ngibingelela umphakathi wonke;
Ngithi makabongwe uNkulunkulu osesihlengile saze safika lapha namhlanje.

Masibonge ukuthi egameni likaHulumeni wesifundazwe saKwaZulu-Natal, sithole leli thuba lokuba yingxenye yale nkonzo yomngcwabo wamalungu emindeni emibili asishiye kabuhlungu ngokuzuma.

Siyabonga kakhulu nasemphakathini ophumelele ukuzozimazisa imindeni nokukhombisa ukuthi njengabantu, kuyisiko-mpilo lethu ukuthi ezikhathini ezinjena sibe munye sibambane ngezandla, sihlanganyele ndawonye ukuzobhongela emswanini siduduzane.

Njalo uma sihambele izinkonzo zalolu hlobo siyaye sikukhuthaze kakhulu lokho ngoba kusho Ubuntu – phela umuntu ngumuntu ngabantu. Kukhulu kwabahanjelwe ukuthi sinabo namuhla ukuzokhalisana nabo ngalo mshophi obavelelele. Siyabonga kunina nonke enikhona lapha.

Ukuba kwethu yingxenye yale nkonzo yomngcwabo njengoHulumeni kuhambisana nenqubo esinayo yokuthi uma kwehle inhlekelele yengozi yomgwaqo kwashona abantu abaningi kangaka, siyaye sixhumane nemindeni sizwe ukuthi ngeke yini saba nenkonzo ndawonye, okungaba ngeyesikhumbuzo noma eyomngcwabo.

Nalapha-ke siyazi ukuthi kuthe uma kutholakala imibiko yale nhlekelele ngempelasonto sabe sesikhipha ithimba ebelihlanganisa umNyango wezokuThutha, owezeMpilo, iKhansela lendawo nabakwa-Road Accident Fund, lahlangana nemindeni ukubheka ukuthi yiziphi izidingo abangalekelelwa ngazo ekufihleni ngesizotha abathandiweyo babo.

Kulowo mhlangano kube sekubhekwa nokuthi ngeke yini sakwazi ukwenza lolu hlobo lwenkonzo yomngcwabo ehlanganyele. Yingakho-ke sibonga ukuthi sikwazile ukuvumelana ngale nkonzo ehlanganyele namhlanje.

Mangicele ukuxolisa nje emindenini nezihlobo zabasishiyile ukuthi njengoHulumeni, futhi siyaphoqeka ukuba sisebenzise izinkonzo ezinjengalena ukugcizelela ukuthi labo phela abasele mabavuleke amehlo kube yibona abazibophezela ukuthi izigameko ezinjengalesi azizokwenzeka ngenxa yabo emigwaqeni.

Mphathi wohlelo nabefundisi bami, ngonyaka odlule sike sanenkinga enkulu kulesi fundazwe phakathi kuka-August noSeptember lapho salahlekelwa ngabantu abaningi emigwaqeni yethu kwaze kwaba sengathi kubukiswa ngathi. Lokho kwaze kwaphoqa nokuthi sisheshe siqalise uhlelo lwezokuphepha emgwaqeni ngesikhathi samaholide kaKhisimusi.

Khona lapho futhi saphinda ngokubambisana nenyunyana yamaphoyisa iPOPCRU KwaZulu-Natal sethula umkhankaso esiwubiza ngo-Operation Valingozi owathola ukwesekelwa okukhulu emiphakathini yakithi.

Sithi wathola ukwesekwa ngoba nakuba sazi ukuthi abantu bakithi basafa mihla kwasa emigwaqeni, kodwa kusuka ngaleso sikhathi izibalo zezinhlekelele ezinjengalena eyenzeke lapha bezisakhomba ukwehla. Kuke kwanesikhashana nje singasabi nezinkonzo ezihlanganyele kanje.

Kodwa sesiyamangala futhi siyethuka njengoba sesiqale ukutheleka ngehlazo futhi kusukela ngenyanga edlule ka-August. Kodwa okusishaqisa kakhulu yilokhu kokuthi silahlekelwe izingane zesikole ezingu-27 ezingozini ezintathu emasontweni amane nje kuphela.

Njengoba silapha kule nkonzo nje izolo besise-Bergville singcwaba izingane zesikole eziyishumi ezishone ngenkathi itekisi ebezigibele kuyona ikhalakathela ngaphansi kwebhriji yangena emfuleni. Ngaphambi kwalokho besikade siseMzinto singcwaba eziyisikhombisa kanti lezo bezandulelwa ngeziyishumi zaseBulwer.

Njengoba silapha-ke sibona nalapha kungahlukile kakhulu njengoba nalaba fowethu abane nodadewethu oyedwa bekusengabantu abasha omdala kubona ena-36 yrs nje kuphela. Kusaqhubeka kona njalo ukuthi silahlekelwe ngabantu abayikusasa lezwe lethu.

Manje okuxakayo futhi ngukuthi kanti sekuwumkhuba yini ukuthi uma sekusondele ukuba sethule uhlelo lokuphepha ngamaholide kumele njalo sindlalele ngezingozi kanjena?

Siyazibuza ukuthi kanti yini okumele yenziwe futhi yenziwe ngubani manje ngoba mina nginesiqiniseko sokuthi uHulumeni wenza konke okusemandleni ukulwa nale nkinga. Ngikhuluma nje ziningi kabi izimali ezisetshenziswayo kuchitheke nesikhathi esiningi kuncengwa abantu ukuba baziphathe kahle emgwaqeni.

Uyabona nje, akekho umuntu ogunyazwa ukuba ashayele imoto engaqalanga wafunda yonke imithetho nezimpawu zomgwaqo ukuze kube nesiqiniseko sokuthi ngeke enze ingozi emgwaqeni.

Kodwa uma umuntu esefundile waphasa wathola igunya lokushayela, ukhohlwa yiyo yonke le mithetho. Umuntu ashayele edakiwe noma esekhathele, okungezinye zezinto eziqeda abantu lapha emgwaqeni. Ngenxa yokwephulwa kwemithetho, uHulumeni uphinda achithe imali eningi eqeqesha aphinde aholele amaphoyisa azogada izephulamthetho emgwaqeni.

Sithi siwuHulumeni ingozi yomgwaqo ayenzeki ngephutha kodwa isikhathi esiningi kusuke kungamabomu nje abangwa ubudedengu nokunganaki komshayeli, ikakhulukazi ukungayiqapheli noma ukungayihloniphi imithetho yomgwaqo.

Yingakho sithi siweseka ngokugcwele umqondo wokuthi abantu baphucwe izincwadi zokushayela uma benza amacala omgwaqo bephindelela. Ukunikeza umshayeli noma umnikazi wemoto isijeziso esingangokona kwakhe sikholwa ngukuthi kungaqinisa isiko lokuhlonipha nokwazi ukuthi okusempeleni phela ilayisensi yokushayela iyigunya nje, akulona ilungelo.

Namhlanje-ke bazalwane sifisa ukunxusa nalapha ukuthi ake sibhukule sonke sibe ngamanxusa okuphepha emgwaqeni sisho sonke sithi kusuka manje angeke sibe yingxenye yokufa kwabantu emgwaqeni.

Kuleli sonto esiliqalayo sizokwethula izinhlelo zenyanga yezokuthutha ka-October okuzobe sekuhambisana nokuqala kohlelo lwezokuphepha emgwaqeni ngesikhathi samaholide kaKhisimusi. Ngakho-ke masizilungiselele sonke ukuthi ngalo Khisimusi asizokwephula imithetho yomgwaqo. Asizokwenza sengathi lona nguKhisimusi wokugcina emhlabeni.

Mangiphinde ngithi shwele emindenini elahlekelwe ngokuthi kumele sisebenzise leli thuba ukukhuluma lezi zindaba. Ngithatha leli thuba ngithi egameni likaHulumeni waKwaZulu-Natal, nakuba kunzima kodwa sithi dudu mindeni ngokushiywa yilaba:

**1. Sbonelo Sanele Simamane**

**2. Wiseman Simamane**

**3. Bongubuhle Vincent Majozi**

**4. Thobile Promise Mpulo**

**5. Sboniso Mpulo**

Siyabonga-ke nakubo bonke ababambe iqhaza ngezindlela ezahlukene ukuba kusizakale imindeni eshonelwe, sithi ningadinwa nangomuso. Nathi siphinde sizibongele ngethuba sithembe ukuthi iNkosi izosigcina siphephile ezingozini zomgwaqo kusuka manje size sibone uKhisimusi nonyaka ozayo ka-2013 neminye elandelayo.

**Ngiyabonga.**